



Isikhathi samaholide kaZibandlela
isikhathi iningi lethu elisibheka
ngokulangazelela, sijabulela
ukuhlanganyela
nemindeni yethu kanye
nokuba semaholidini .



Kwabaningi kusho ukubhekisa
amabombo emakhaya.

SiwuMkhandlu waseMkhambathini sifisa
ukugqoguzela ukubaluleka kokuphepha
ngalesikhathi sonyaka,
simele sikhumbule ukubaluleka kokugwema
ukushayela budedengu okungenza ingozi
kwabanye abashayeli noma
kwabahamba ngezinyawo.



Sengathi isikhathi
sikancibijane singaba ngesinentokozo,
esizoletha ukuthula nenjabulo emakhaya
nakubo bonke esakhelene nabo.



Sithemba ukuthi nonyaka omusha
uzoba ngunyaka wezibusiso nempumelelo.